Open Doors

# WORLD WATCH LIST 2025



# Ikhalenda lomkhuleko lamazwe awu 50 aphezulu ekuhlushweni

©Unsplash

## AMAZWE ANOKUHLUKUMEZA AMAKHRESTU NGEZINGA ELIPHEZULU NGOKWEQILE EMHLABENI

### 1 e-North Korea

Sekudlule iminyaka engamashumi ayisikhombisa ukubusa komndeni wakwa Kim kwaqala, isimo sibukeka siqhubekela phambili ukuba sibi kubantu bakaNkulunkulu. Khulekela ukuthi uNkulunkulu, aphe amaKhrestu ase North Korea, amehlo okubona ukukhanya kwaKhe noma kubukeka kuyisimo esimnyama nje.

### 2 e-Somalia

ISomaliya kungayizwe elinobungozi kakhulu kubalandeli bakaJesu. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Avikele abantu baKhe Abaphe ithemba, noma isimo sibukeka singenathemba.

### 3 e-Yemeni

Kubukeka sengathi udlame oluqhubeka kulelizwe alunasiphelo. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Abanike ukuthula nobulungiswa, nokuthi ukukhala kwabantu baKhe kungalibaleki.

### 4 e-Lybia

Abakholwa kuKhrestu, abafika kulelizwe ngokomsebenzi, basengozini enkulu kumaqembu ezidlamlilo. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Avikele lamakholwa, kakhulukazi ezingxenyeni ezingenamthetho olandelelekayo.

### 5 e-Sudani

Khuleka kuNkulunkulu ukuthi Abe namakholwa adingiswe isihluku sodlame eSudani. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Ezwe ukukhala kwawo nokuhlukunyezwa awakhulule kukho.

### 6 e-Eritriya

Kulonyaka odlule, kube futhi ukhukhulela ngoqo wokuboshwa kwamaKhrestu. Khulekela labazalwane kanye nabanye abakulesimo, ukuthi bakhululwe. Khulekela nokuthi uNkulunkulu Abonelele ngezidingo zabantwana babo abakhula bengabazi obaba nomama babo.

### 7 e-Nigeriya

iNigeriya, iphinde futhi yahamba phambili ekubeni elinye lamazwe anesihluku kakhulu kumaKhrestu emhlabeni jikelele. Khulekela izihlobo zalabo ababulawayo nabashaqwayo ngenxa yodlame.

### 8 e-Phakhistani

Kulelizwe amaKhrestu aseyazazi ukuthi awabalulekile emphakathini walelizwe, baningi abasebenza imisebenzi ebukeleka phansi, okuthiwa ayibafanele abenkolo yobuSulumane. Khulekela ukuthi bayithole intokozo empilweni yansukuzonke.

### 9 e-Irani

Khulekela amabandla azifihlile, ukuthi uNkulunkulu Avikele nezindlela zabo zomshoshaphansi zokuxhumana, Abaphe uMoya

wokuhlakanipha nesibindi.

**10 e-Afghanistani**
Khulekela ukuthi noma abeTaliban beqhubeka nokubusa ngendluzula, uNkulunkulu Athinte izinhliziyo zabo baphenduke. Khulekela ukuthi babone iqiniso lothando lukaJesu nethemba. Khulekela labo ababhadle ejele ukuthi bavikeleke, bakhululwe.

**11 e-Ndiya**
Khulekela abaholi bamabandla abamangalelwa ngamanga ngaphansi komthetho okuvalelayo ukuphendukela kwenye inkolo  ebusayo kulelizwe, ukuthi bangahlaselwa noma baboshwe.

**12 e-Saudi Arabhiya**
Awekho amabandla asemthethweni e-Saudi Arabhiya, (ngaphandle kwalawo avunyelwe ezindaweni lapho kuhlala khona abantu okungebona abase-Saudi Arabhiya). Khulekela ukuthi labazalwane lapha babe nendawo yokukhonzela nokukhula ekumazini uNkulunkulu.



**13 e-Myanmar**
Uketulo mbuso olwenzeka ngonyaka ka 2021, luqhubeka njalo nokuveza imiphumela engemihle kumaKhrestu. Ngonyaka ka 2024, izindlu zamasonto zacekelwa phansi nabaholi bamabandla, bayazingelwa baboshwe. Masikhulekele ukuthi uNkulunkulu Abe nabo abantu baKhe.

## AMAZWE ANOKUHLU-KUMEZA AMAKHRESTU NGEZINGA ELIPHEZULU KAKHULU EMHLABENI

**14 eMali**
Maningi amaqembu ezidlamlilo zenkolo yobuSulumane, kubalwa nabazimbandakanye neqembu i-Al Qaeda ne Islamic State. Khulekela ukuthi abazalwane bavikeleke ekuhlaselweni ngesihluku yilamaqembu ezidlamlilo.

**15 e-China**
Izinga lokucindezelwa kwababakholwa kuKhrestu e-China, libonakala likhuphuka unyaka nonyaka. Khulekela ukuthi abazalwane bathole ukukhula, nokusimama ekukholweni kwabo, nakuba ukushushiswa kwanda.

**16 e-Maldives**
I-Maldives yaziwa kakhulu emhlabeni njengendawo eyizulu elincane lokuthathela ikhefu. Noko isalokhu iyindawo enzima kakhulu ebantwini abalandela uJesu.

Khulekela ukuthi umphakathi womhlaba, uvuleke amehlo mayelana nesimo amaKhrestu abhekene naso e-Maldives.

**17 e-Iraq**
Noma sekuyiminyaka eyishumi izidlamlilo ze ISIS zaqala ukubusa ingxenye eseNyakatho yalelizwe, amaKhrestu kancane, kancane aseyabuyela emakhaya awo. Bakhulekele njengoba beqhubeka nokwakha amakhaya abo nokubuyisela isimo endaweni yaso.

**18 e-Siriya**
Ukulandela uJesu e-Siriya, kusho ukubhekana nezinkinga ezingapheli, esezithathe ngaphezu kweshumi leminyaka, izidlamlilo zenkolo yobuSulumane, impi, izigemegeme zemvelo, nengcindezelo yesimo somnotho. Khuleka kuNkulunkulu ukuthi alethe uxolo, okunguye kuphela angalwenza.

**19 e-Algeria**
Cishe onke amasonto amakholwa angamaProtestani,(abakholwa kuJesu Khrestu), aphoqwa ukuthi avale, noma asabela ukuthi ukuthi nawo angavalwa kungekudala. Khuleka kuNkulunkulu ukuthi izindawo zokukhonzela zihlale zivuliwe. Khulekela ukuthi labo abavalelwe izindawo zokukhonza, bathole umphakathi wabazalwane abangahlanganyela nawo ekukhonzeni.

**20 e-Burkina Faso**
Udlame oluse Burkina Faso, luholele ekuhlakazekeni kwabaningi besuka ezindaweni zabo. Khulekela abazalwane abadingisiwe ngenxa yokukholwa kwabo, ukuthi uNkulunkulu Abanike ithemban nokuphiliswa.

**21 e-Morocco**
Khulekela abaphendukile besuka kwinkolo yobuSulumane beba abalandeli baka Jesu Khrestu, abacindezelwa noma bahlaselwe yimindeni yabo uqobo, kanye nemiphakathi abahla kuyo. Khulekela ukuthi bathole ithemba nokuthula.

**22 e-Laos**
Khulekela ukuthi uNkulunkulu Avikele abazalwane abagadiwe, abakuhlangana kwabo kuphansi kweso elibukhali leziphathimandla zombuso wamaKomanisi.

**23 e-Mauritania**
AmaKhrestu ase Mauritania awavumelekile ukuhlangana ngokukhululeka. Khulekela ukuthi labazalwane bathole indawo lapho bengathole ukukhuliswa ekukholweni, emphakathini wamaKhrestu.

**24 e-Bangladesh**
Izinxushunxushu zangonyaka odlue, nezinga lokwaphulwa komthetho kuholele ekuhlaselweni okukhulu kwamaKhrestu. Masikhulekele ukuthi uNkulunkulu Alethe ukuphulukiwa, aphinde avikele wonke uMkhrestu, abanike amandla okuma ngokuqinileyo

ekukholweni kwabo.

**25 e-Uzbekistan**
Njengoba amaKhrestu nezindlu zamasonto kuqhubekela phambili ekucindezelweni nasekuhlukunyezweni nguhulumeni, Masicele uNkulunkulu abe nabo, abasize ngokubekezela noma ukukhungatheka, kukhona.

**26 e-Cuba**
Masikhulekele abaholi bamabandla e-Cuba abahlale beqashwe ngelokhozi, futhi behlukunyezwa iziphathimandla zombuso. Masicele uNkulunkulu Abaphe amandla nobuhlakani.

**27 e-Central African Republic**
Izidubedube zepolitiki ezweni lase Central African Republic zilethe isimo la amaKhrestu angabhekana nokuhlukunyezwa izidlamlilo. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Avikele abantu baKhe kukho ukuhlukumezeka.

**28 e-Niger**
Izwe lase Niger liyaqhubeka nokungaboni ngasolinye kwabezepolitiki, nokwesabisa okuvela kwizidlamlilo. Asikhuleke kuNkulunkulu ukuthi Athulise isiphithiphithi nokuthi avimbe ontamolukhuni ekuthatheni umbuso.

**29 e-Turkmenistan**
Masicele kuNkulunkulu enze indlela yokuthi iZwi lakhe nezinye izincwadi ezicacisa ngokukholwa kuJesu Khrestu,



zifinyelele kumaKhrestu alambele imibhalo engcwele.

**30 e-Nicaragua**
Uhulumeni ongaphikiswa, wase-Nicaragua, uyaqhubeka ukuhlasela noma ubani osolakala ukuthi uphikisana nomthetho wombuso ophetheyo. Khuleka ukuthi uNkulunkulu Avikele abaholi bamabandla abakhuluma ngesibindi bephikisana nokwenzekayo.

**31 e-Mexico**
Kwezinye izingxenye zezwe laseMexico, kuphethe amaqembu ezigilamkhuba nabasabalalisa izidakamizwa. izikhathi eziningi, lamaqembu azingela, ehubha amaKhrestu, kakhulukazi abaholi bamabandla. Khulekela ukuthi uNkulunkulu avikele abantu baKhe abahlala kulezindawo.

**32 e-Oman**
Amasonto avunyelwe ngokusemthethweni e-Oman, awamaKhrestu angewona awendabuko. Uma abantu base Oman, behlanganela ukuqala ibandla, basuke bezibeka engcupheni yokubanjwa nokuzingelwa. Khulekela ukuthi uNkulunkulu akhusele lemiphakathi yamaKhrestu.

**33 e-Ethiopia**
Khulekela amaKhrestu asezindaweni ezingenamthetho e-Ethiopia, abangaba isisulu sokuhlaselwa, ngenxa yokulandela uJesu Khrestu. Cela ukuthi uNkulunkulu abavikele.

**34 e-Tunisia**
Khulekela ucele uNkulunkulu asize amaKhrestu ase-Tunisia, angavunyelwe ukudumisa uNkulunkulu kubona wonke umuntu, ukuthi athole amanye amaKhrestu angawasiza akhule ekukholweni.

**35 e-Democratic Republic of Congo (DRC)**
AmaKhrestu amaninginingi, alahlekelwa yikho konke ayenakho, aphoqeleka ukuthi abaleke ayishiye e-Democratic Republic of Congo. Khulekela ukuthi laba bazalwane bakuthole ukuzinza nethemba.

**36 e-Bhutani**
AmaKhrestu, angazifumana enqatshelwa ubuzwe namalungelo awo eBhutani. Khulekela ukuthi lamaKhrestu athole ukubaluleka nobuzwe bawo kuNkulunkulu.

**37 e-Mozambique**
Nakuba seliphumile izwi elithi abahlali sebengabuyela ezindlini zabo eNyakatho yalelilizwe, isifunda sonke asikazinzi, kuselula ukuba babe izisulu sokuhlaselwa izidlamlilo ezinye ezihlangene nalezo zenkolo yobuSulumane ezithiwa i-Islamic State.

**38 e-Kazakhstani**
Khulekela amaKhrestu ahudulelwa ezinkantolo ngamacala okwephula umthetho wenkolo yaseKazakhstani. Cela uNkulunkulu avikele amabandla kulokhu kusetshenziswa kwemithethonqubo ngokuchema.

**39 e-Tajikistani**
AmaKhrestu ahlanganela ezindlini angahlangabezana nokubhekwa ngeso lokhozi iziphathimandla, nokugaselwa uhulumeni. Khulekela ukuthi lamaKhrestu akwazi ukuhlangana adumise uNkulunkulu ndawonye, engenakwesaba.

**40 e-Gibhithe**
Khulekela amaKhrestu ahlangabezana nokubandlululwa, nokuhlukunyezwa ngenxa yokholo lwawo. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Abagcine ekukholweni kwabo.

**41 e-Qatar**
Khulekela abokudabuka e-Qatar, okukhona kubo abaningi abangamaKhrestu azifihlayo. Khulekela ukuthi uNkulunkulu Avikele ukholo lwawo, nokuthi bathole ukuhlangana namanye amaKhrestu.

**42 e-Comoros**
Masikhuleke, sicele uNkulunkulu ukuthi ashintshe izinhliziyo nemithetho yaseComoros, ukuze abaphendukayo bakwazi ukulandela uJesu Khrestu

ngokusemthethweni, noma bekade bengaSulumane.

**43 e-Cameroon**
Enyakatho yezwe lase Cameroon, amaKhrestu amaningi, ahlangabezana nokuhlaselwa okuphindaphindene. Khulekela ukuthi uNkulunkulu abenawo, ngamandla aKhe amakhulu lamaKhrestu ahlukumezekayo.

**44 e-Vietnam**
Khulekela amaKhrestu ahlala ezindaweni okungafinyeleki kalula kuzo, abacindezelweyo, behlukunyezwa, behlaselwa nokuhlaselwa ngenxa yokholo lwabo. Masicele kuNkulunkulu ukuthi abe nabo, aphilise amanxeba abo.

**45 e-Turkey**
Kukhona abanye base Turkey abafuna lelizwe lilawulwe ngendlela yobuSulumane. Khulekela ukuthi kuvuleleke ukwamukelwa kwabantu nokukholelwa kwabo kuhlukahlukene kunjalo, bathathwe njengezakhamuzi zase Turkey.

**46 e-Colombia**
Khulekela amaKhrestu, ahlala ezindaweni eziphethwe abasabalalisa izidakamizwa. Khulekela ukuthi bathole ukuvikeleka nobuhlakani.



**47 e-Kyrgzstani**
Khulekela onke amaKhrestu ahlushwayo. Inhlangano ye Open Doors, iqaphela ukuthi izigameko zokuhlushwa ziyenyuka. Abanye baze babaleka ezigodini abebehlala kuzo, beshiya namakhaya. Khulekela ukuqiniswa kokholo lwabo, nokuphepha kwabo.

**48 e-Brunei**
Khulekela amaKhrestu anobunzima bokuthola amaBhayibheli. Khulekela ukuthi bakwazi ukufunda, balihlaziye iZwi leNkosi ngokukhululeka.

**49 e-Chad**
Ngokomthetho obhalwe phansi, zonke izinkolo zivumelekile, kodwa uma kubhekwa indlela yokwenza, amaKhrestu, kakhulukazi labo abasuka kwezinye izinkolo, babaphansi kwengcindezi enkulu kakhulu. Khukekela ukuthi iNkosi, Iqhubeke njalo ukugcina ukukholwa kwabo nokubasiza ukuthi bagxile kuKhrestu, nakuba zikhona izingqinamba ababhekene nazo.

**50 e-Jordani**
SiyaMbonga uNkulunkulu ukuthi e-Jordani, amaKhrestu avumelekile ukukhonza ngokukhululeka. Masicele uNkulunkulu ukuthi ukukhonza kwalamakholwa kube ukukhanya nethemba kuso sonke isifunda.

# LAPHO AMAKHOLWA EZIJUBA...

Ezindaweni ezimnyama kakhulu, amaKristu afana noJoo Min ayazijuba ngesibindi ukwazisa ngoJesu. Ungema nabo?



**Qhubeka ukhuleke kanye nathi ngabazalwane abazidelayo ukusabalalisa indaba kaJesu. BHALISELA ukuthola ukuxhumana mayelana nalezindaba zokuhlushwa kwamaKhrestu:**

Currently only English & Afrikaans communication available.

Open Doors

Open Doors Southern Africa
T +27 11 888 9341
E southafrica@od.org
+27 66 397 1319

**FIND US ON:**

**www.opendoors.org.za**

Geopende Deure Open Doors NPC – Reg. Nr: 2004/023397/08 – PBO Nr: 930011129